
GOVERNMENT NOTICES • GOEWERMENTSKENNISGEWINGS

DEPARTMENT OF SOCIAL DEVELOPMENT

NO. R. 6034

24 March 2025

CALL FOR COMMENTS ON THE AMENDMENTS TO THE REGULATIONS RELATING TO COVID-19 SOCIAL RELIEF OF DISTRESS ISSUED IN TERMS OF SECTION 32, READ WITH SECTION 13, OF THE SOCIAL ASSISTANCE ACT, 2004 (ACT NO. 13 OF 2004), AS AMENDED

I, Pemmy Majodina, Acting Minister responsible for Social Development, under Section 32(1) and (2), read with section 13 of the Social Assistance Act, 2004 (Act No.13 of 2004) intend to make amendments to the Regulations relating to Covid-19 Social Relief of Distress as set out in the Schedule.

Interested persons or organisations are hereby invited to submit written comments on the draft regulations within 21 days from the date of publication thereof. Comments shall be forwarded to Dr Maureen Mogotsi, Chief Director: Social Assistance by:

- (a) **Post to:**
The Department of Social Development
Private Bag X901,
Pretoria
0001;
- (b) **Hand to:**
The Department of Social Development
Chief Directorate: Social Assistance
134 Pretorius street
HSRC building
PRETORIA
0001;
- (c) **by email to:** SAREGS@dsd.gov.za



PEMMY C P MAJODINA (MP)
ACTING MINISTER OF SOCIAL DEVELOPMENT
DATE: 20-03-2025

SCHEDULE

In these regulations "Regulations" means the regulations published in the Government Notice No. R. 2042 of 22 April 2022, as amended by Government Notice No. R. 2381 of 16 August 2022, Government Notice No. R. 3210 of 29 March 2023 and Government Notice No. R. 4466 of 25 March 2024.

Amendment of regulation 2 of Regulations

1. Regulation 2 of the Regulations is hereby amended- by the deletion of sub-regulations (3) (b).

Amendment of regulation 5 of Regulations

2. Regulation 5 of the Regulations is hereby amended by the substitution for sub-regulations (1) and (3) of the following sub-regulations:

"(1) The monthly amount of the COVID-19 Social Relief of Distress is R370 per **[person]** successful applicant and is payable for the months in the period 1 April **[2024]** 2025 to 31 March **[2025]** 2026".

"(3) The payments in terms of these regulations- (a) are limited to the amount appropriated for the **[2024/2025]** 2025/2026 financial year to the vote of Social Development for social relief of distress; and (b) may only be made in respect of applications, made during the period 1 April 2022 to 31 March **[2025]** 2026, and approved by the Agency".

Amendment of Regulation 6C of Regulations

3. Regulation 6C of the Regulations is hereby amended by the substitution of Regulation 6C for the following regulation:

"To ensure uninterrupted assessments and payments made during the transition between the Regulations published on 25 March **[2023]** 2024 under Notice No. 4466: and these Amendment Regulations, the Agency may use data used during the March **[2024]** 2025 assessment cycle, in terms of regulation 2, for continued assessments of clients up to 31 May **[2024]** 2025".

Short title and Commencement

4. These Regulations are called Social Assistance Act, 2004: Amendment Regulations Relating to COVID-19 Social Relief of Distress and take effect on 01 April 2025 by publication of this notice in the Gazette.

**ISIMEMO SOKUPHAWULA NGEZICHIBIYELO ZEZIMISO EZIPHATHELENE
NOSIZO LWEZENHLALAKAHLE KWINGCINDEZI YE-COVID-19
EZIKHISHWE NGOKWESAHLUKO SAMA-32, ESIFUNDWA NES AHLUKO SE-
13, SOMTHETHO WOSIZO LWEZENHLALAKAHLE WONYAKA WE-2004
(UMTHETHO WE-13 WONYAKA WE-2004, NJENGOBA UCHITSHIYELWE)**

Mina, Pemmy Majodina, uNgqongqoshe oyibamba obheke uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, ngokweSahluko sama-32(1) nesesi-(2), esifundwa nesahluko se-13 soMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle wonyaka we-2004 (uMthetho wesi-13 wonyaka we-2004) ngihlose ukuchibiyela iZimiso eziphathelelene noSizo Lwezenhlalakahle Lwengcindezi ye-covid-19 njengoba zishiwo kuSheduli.

Abantu noma izinhlangano ezinentshisekelo ziyamenywa ukuba ziphawule ngokubhala phansi mayelana nezimiso ezisasetshenzwa kungakapheli izinsuku ezingama-21 kusukela ngosuku lokushicilelwa kwazo. Ukuphawula kuzodluliselwa ku-Dkt. Maureen Mogotsi, uMqondisi Omkhulu: USizo Lwezenhlalakahle:

(a) Ngokuthumela ngeposi ku:

Mnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi
Private Bag X901,
Pretoria
0001;

(b) Ngokuthumela ngesandla ku:

Mnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi
Uphiko Olukhulu: USizo Lwezenhlalakahle
134 Pretorius street
HSRC building
PRETORIA
0001;

(c) Ngokuthumela nge-imeyili ku: SAREGS@dsd.gov.za



PEMMY C P MAJODINA (u-MP)

UNGQONGQOSHE OYIBAMBA WOMNYANGO WEZOKUTHUTHUKISWA
KOMPHAKATHI
USUKU: 20-03-2025

ISHEDULI

Kulezi zimiso, "iZimiso" zisho izimiso ezishicilelwe kwiSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 2042 somhla zingama-22 Ephreli 2022, njengoba zichitshiyelwe ngeSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 2381 somhla zi-16 Agasti 2022, iSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 3210 somhla zi-29 Mashi 2023, kanye neSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 4466 somhla zi-25 Mashi 2024.

Ukuchitshiyelwa kwesiMiso sesi-2 seZimiso

1. Isimiso sesi-2 seZimiso lapha siyachitshiyelwa-ngokucishwa kwesimiswana sesi-(3)(b).

Ukuchitshiyelwa kwesiMiso sesi-5 seZimiso

2. ISimiso sesi-5 seZimiso lapha siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesimiswana soku-(1) kanye nesesi-(3) salezi zimiswana ezilandelayo:

"(1) Inani lemali yanyanga zonke zoSizo Lwezenhlalakahle Lwengcindezi ye-COVID-19 ingama- R370 ngokwesicelo esiphumelele futhi ikhokhelwa izinyanga ezisukela mhla lu-1 Ephreli 2025 ukuya zingama-31 Mashi 2026".

"(3) Izinkokhelo ngokwalezi Zimiso- (a) ziphelela enanini lemali eyabelwe unyakazimali we-2025/2026 mayelana nokuThuthukiswa Komphakathi ngosizo lwezenhlalakahle lwe-COVID-19 ; futhi (b) zingakhokhwa kuphela mayelana nezicelo, ezenziwe ngesikhathi esimaphakathi komhla lu-1 Ephreli 2022 ukuya mhla zingama-31 Mashi 2026, futhi ezamukelwe yi-Ejensi".

Ukuchitshiyelwa kwesiMiso sesi-6C seZimiso

3. ISimiso sesi-6C seZimiso lapha siyachitshiyelwa ngokufakwa kweSimiso sesi -6C esilandelayo:

Ukuqinisekisa ukuhlolwa nezinkokhelo ezingaphazamiseki ezenziwe ngesikhathi soguquko oluphakathi kweZimiso ezashicilelwa mhla zi-25 Mashi 2024 ngeSaziso Esingunombolo: 4466 kanye nalezi Zimiso Ezichibiyelayo, i-Ejensi ingasebenzisa umniningo osetshenziswe kumjikelezo wokuhlola kaMashi 2025, ngokwesimiso sesi-2, ukuze kuqhutshekwe nokuhlolwa kwamaklayenti kuze kufike umhla zi-31 Meyi 2025."

Isihloko Esifushane Nokuqala

4. Lezi Zimiso zibizwa ngoMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle wonyaka we-2024: IZimiso Ezichitshiyelwe ezihlobene Nosizo Lwezenhlalakahle Lwengcindezi ye-COVID-19 futhi zizoqala ukusebenza mhla lu-01 Ephreli 2025. ngokushicilelwa kwalesi saziso kwiGazethi.